Isatshalaliswa mahhala e-Outer West Durban ngenhloso yokusondelisa ibhizinisi kanye nomphakathi ndawonye. Ishicilelwe iHammarsdale Cato Ridge Development Association NPC 2020/674596/08.

Hammarsdale Cato Ridge
# Sebenza

Hammarsdale Cato Ridge Development Association

**Ubusika 2023**

## Kufukulwa abesifazane kwezomnotho

iDo More Foundation kanye nePepkor Speciality neBuckman Laboratories isungule iTownship Economy Programme kwiUSE IT Beneficiation Centre eHammarsdale. Loluhlelo lubhekene nokusiza abesifazane abawu-20 abasebasha bathuthuke emphakathini bakwazi ukondla imindeni yabo bagcine bengosomabhizinisi abavelele.

Laba besifazane bazongezelwa ngamakhono nobuchule okuphatha ibhizinisi ngempumelelo bakwazi nokwenza imali ezobaphilisa. Labo abakhethiwe banamabhizinisi okubalwa Catering, Beauty Salons kanye neEvent designing.

Uma sebeqeqeshiwe amabhizinisi abo azobe esefukanyelwa izinyanga eziyisithupha KwiDO MORE Business Hub lapho bazobe belekelelwa ukusebenzisa ulwazi abaluthole beqeqeshwa sebelusebenzisa emabhizinisini abo. Loluhlelo lizophela ngoSeptember 2023. Labo somabhizinisi bazonikwa ithuba lokuzethula kulabo abazobasiza ngoxhaso lokukhulisa amabhizinisi abo.

Siyabonga kakhulu kuRainbow Chickens, USE-IT, Pepkor Speciality, Buckman Laboratories kanye bonke abalandeli bayo iDo More Foundation ngohlelo olunohlonze kangaka- sibonge abesifazane baseHammarsdale ngokubamba iqhaza.



Osomabhizinisi abancane abangu-20 besifazane abayingxenye yalolu hlelo.

# Kuphakama amabhizinisi ezinkukhu







Abaphumelele abangu-27 bahambe no-R10 000, u-R15 000 noma amasheke angu-R25 000 ahlanganisa u-R405 000. UKhangelani (kwesokunxele) unakekela izinkukhu zakhe futhi u-Pinky (kwesokudla) uhambisa ikheji yakhe entsha sha yakwaDynamic Automation.

Sizokhumbula ukuthi iMerlog ibinohlelo ebifuna ukulekelela abantu abasendaweni ngokubafundisa ukufuya izinkukhu. Siyathokoza ngenqubekela phambili eyenziwe yiMerlog yokusiza abafuyi bezinkukhu bokuqala bendawo kuloluhlelo. Ezinyangeni eziyisithupha ezedlule iMerlog imemezele ukuthi ifuna abazongenela loluhlelo yathola abantu abangamakhulu amane (400) abafaka izicelo zokuqeqeshwa kanye nezicelo ezingaphezulu kwekhulu (100) ezicela uxhaso lwemali. Abafaka izicelo abangama shumi amathathu bachithe isonto lonke bematasatasa eKZN Poultry Institute (u90% ukhokhelwe yiMerlog) becija amakhono abo baphinde bandise ngokufunda amakhono amasha. Bonke baphumelele ngamamaki amahle kakhulu, baphinde baphiwa amachwane anosuku olulodwa ezelwe ukuthi bawakhulise labo ababethanda.Kube sekukhethwa abangamashumi amabili nesikhombisa ukuthi abafake izicelo zoxhaso lwemali bonke baphumelela banikezwe R10 000, R15 000 noma R25 000 ukuthi basimamise amabhizinisi abo. Ababili baklonyeliswe ngezindlu lapho izinkukhu ezizalela khona abiza R13 500 akwaDynamic Automation. Bonke imali bayinikwa ngoJanuary edlula kuR400 000 bonke ngokunjalo sebewulethile umbiko mayelana nequbekela phambili asebeyenzile nanku umbiko ovela kwababilli ababengene:

uKhangelani Mkhize uthi " Ibhizinisi lamaqanda lihamba kahle, ulakhile ihhoko lezinkukhu, wathenga nekheji lokuzalela amaqanda elihlala izinkukhu eziwu96 waphinde wathenga izinkukhu ezingu-90 ezizalela amaqanda. uThambisani Dlungwana uxhaso lwemali alithole kaMerlog kanye nekheji alithola kwaDynamic Automation kumsize kakhulu ngokwenza ibhizinisi lakhe lisebenze kahle,nakalula futhi ngendlela enhle. "Ikheji liyasiza kakhulu ngoba isikhathi siyongeka konke kwenzeka kalula akubikhona ukuchitheka kokudla okwenza isidingo sokushanela njalo singabikhona amaqanda awafi kalula futhi ahlala ehlanzekile wonke".

Izinkukhu zamaqanda uzandisile zisuka ku29 zaya ku115 wakhulisa amaBroilers ayi-100 unesiqiniseko sokuthi ngoJune isibalo sizokhula sibe 500 kothi kuphela 2023 isibalo siyobe sesiyi 1000. Ngiyabonga kuMerlog Foods kanye neDynamic Automation ngokusixhasa.

## Inkomfa yokukhanyisela ngamathuba

Ngo-2022 usuya ekupheleni iHCRDA yaba nengqungquthela yabatshali zimali inhloso kwakungugqugquzela ukutshala imali okusezingeni eliphezulu kuOuter West. Kuyathokozisa ukuzwa ukuthi abatshali zimali bahleleni. Kwakukhona abatshali abangaphezu kwekhulu kulengqungquthela bemboni ohlangothini lukahulumeni uN3, ujantshi nemigwaqo kaMasipala ziyalungiswa. Lokhu kuzodala amathuba omsebenzi kwabaningi lokho kuzokwenza intuthuko ngokomsebenzi ibencono isikhathi eside. Ngasohlangothini lwabezinkampani ezizimele bazohlanganisela ukwaakhiwa kwama warehouse eHammarsdale naseCato Ridge nakwenye indawo elungele ukuthi kwakhiwe kuyona. Ngokuzwa okwashiwo kwingqungquthela silindele ukuthola abaxhasi abatshalimali abasha kanye nkwandisawa noma ukunwetshwa kwamafemu avele akhona kuwomabili amacala kaN3. Lokho kungenza imisebenzi engu 100 engatholakala uma kungatholakala kwendawo engu300 yamahektha eCato Ridge. Lendawo enkulu kangaka uma ingakhululelwa ukusebenza nokusetshenziswa kwayo kungenza umehluko omkhulu ezimpilweni zabaningi ngenxa yamathuba omsebenzi angavela.

# Sawubona! PEP

iPEP Hammarsdale Distribution Centre yakhiwe esikhathini esifishane esidlule. Ubukhulu bayo bulinganiswa ngangezinkundla ezingu-28 zebhola,futhi ingeyesibili enkulu yaloluhlobo eSouth Africa lokho kuyaziwa. Izoqala ukusebenza phakathi nonyaka Wezi ka 2023. Ifakela impahla izitolo zakwaPEP ezingaphezu kuka2500 kwiNingizimu yeAfrica (eqashe abasebenzi abangaphezu kwezinkulungwa eziyishumi nesikhombisa (17 000). Ukunxenza kwabasebenzi kuka PEP HDC nabalethi impahla kuqale ngoMarch 2023 kwavula amathuba omsebenzi angamakhulo amane-(400) abelindelekile. uPEP wenze isinqumo sokuthi a recruit ngokusebenzisa uJOBJACK.

"Sibone kumcono ukuthi abafuna umsebenzi sibanikeze indlela ebiza kancono. Sizofika nabasebenzi abathile ukuzokwamukela izakhamizi zeOuter West ukuzoba isakhiwo sethu esisha. Konke okuphathelene namaSuppliers kaPEP kanye nokuqhubeka kokuqasha nokuphathelene nePEP HDC kuyokwazisa ngokuxhumana ku-www.facebook.com/hcrda. PEP HDC siyakwamukela kuRegion ngesibingelelo esaziwa kakhulu esiqavile kaPEP esithi Hi 5!

**iFacebook page yeHCRDA iyindawo enhle futhi elula yokubika ngayo yonke into nokuthola ulwazi ngokwenzeka ezinkampanini njengokuqasha, amathuba angatholwa amaSMME, Corporate Social Investment (CSI) nezindaba ezijwayelekile. Ezinyangeni nje eziyishumi nesishiyagalolunye (19) iHCRDA yethuliwe 23 August 2021 isikhule ngabalandeli kusukela 0 kuyimanje Inabalandeli abadlule ku-10 000 bendawo exhumene nabo. Sizimisele ukunyusa izinga lokudlulisa ulwazi emphakathini size sifike ku20 000 wabalandeli ngokuphela kwalonyaka. uSthe Duma oyilunga lomphakathi unikezwe umsebenzi wokubhekana naleli "Page". Ufuna athole ulwazi kumalunga eHCRDA bese elusabalalisa ezinkundleni zokuxhumana nsuku zonke. Uma uthanda ukuba "Solwazini" Landela,uThande, bese uyabelana www.facebook.com/hcrda**

**IHammarsdale Cato Ridge Development Association (HCRDA) iyiNPC ehlanganisa izinkampani ezingu-48 ezahlangana ngo-2021 ukuze zisekele ukukhula, ukuqashwa kanye noguquko nokwenza iOuter West ibe yindawo engcono yokusebenza nokuhlala kuyo. Ihlose ukusebenzisana nabasebenzi, umphakathi, ababambisene nohulumeni kanye nabanye ababambiqhaza ukuze babhekane nezinselele ezifanayo, ukudala isimo esizinzile ukuze kugcinwe futhi kukhuliswe amabhizinisi akhona, ukuheha izinkampani eziningi endaweni nokudala imisebenzi eyengeziwe. Emzamweni wokugcina umphakathi unolwazi lwakamuva ngentuthuko yendawo, iHammarsdale Cato Ridge Sebenza izoshicilelwa njalo ezinyangeni ezintathu futhi isatshalaliswe kabanzi. Izophinde itholakale ku-inthanethi la www.hcrda.org/sebenza. Ungathumela izindaba ku-info@hcrda.org.**

# i-Keystone Park

KUYAJABULISA ukubona okuhle osekwenzeke kwaphumelela kungapheli neminyaka eyisishiyagalombili. uMr Price Group yinkampani yokuqala ukuba seKeystone Park ngonyaka ka2016, baqala ukusebenza ngonyaka ka2017. Emva kwabo kwalandela uAckermans, Dromex Globale, Exim, Kerry Ingredients ,Malda Pack, ND Engineering, NuDawn Eggs, Sequence Logistics kanye noPEP osanda kubakhona ozoqala ukusebenza ngo-2023.

Kubekhona imisebenzi yokwakha ebalelwa ezinkulungwaneni (1000), kuqashwe abasebenzi abayizi nkulungwane abaqashwe unomphela endaweni. Lapho kade kungamasimu kamoba emunyakeni embalwa edlule. Namafemu aseKeystone Park aveza amathuba amaningi omsebenzi. Sikhuluma njengamanje kunabasebenzi abangaphezu kuka 90% ePark abahlala kwiOuter West.







uSthe Duma we-HCRDA okunguyena ongenele isivumelwano noMnuz Mduduzi Mchunu wakwaHWSL noMnuz Madlala wakwaGCRLFA.

# Uxhaso lwebhola lwezinyawo lwendawo

I-HAMMARSDALE Worker's Soccer League (HWSL) kanye neGreater Cato Ridge Local Football Association (GCRLFA) bayizinhlangano zeqophelo eliphezulu. i-HCRDA isithembise ukusebenzisana nazo zombili kwisizini yonyaka ka2023. Bazolekelelwa ukuhlela imidlalo kube nonompempe, nomfaniswano nokunye. Bavumile ukuthi yonke imiphumela yemidlalo izokhishwa ku www.facebook.com/hcrda njalo ngomsombuluko. HCRDA iyabuthokozela lobu budlellwane futhi izimisele ukubenza buqine ngokubaxhasa njalo.

## Ukuxhumanisa osomabhizinisi nezinkampani

iHCRDA izibekele umgomo kunyaka ka2022 ukuxhumanisa osomabhizinisi abafufusayo namalunga benhlangano HCRDA. Siyajabula ukunazisa ukuthi umgomo esazibekela wona sikwazile ukufeza.

- Umeluleki wezokuphepha wendawo u-SMME kumaLungu amabili
- Abahlinzeki bensizakalo yokuqashwa kwetoho basekhaya bama-SMME kumaLungu amabili
- Isevisi yendawo yokulungisa isimo somoya i-SMME eya kumaLungu amabili
- Isevisi yendawo yezingadi i-SMME kwiLungu elilodwa
- Umhlinzeki wezokuthutha wendawo SMME kwiLungu elilodwa
- Indawo igaywa kabusha i-SMME iye kwiLungu elilodwa
- Ukuhlanza indawo i-SMME iye kwiLungu elilodwa

Izinkampani ezintathu zomphakathi zathola umsebenzi wokubambisana nenye inkampani ukulungisa umgwaqo Mr385. Sizibekele umgomo wokuxhumanisa okungenani awu20 ngo2023. Sisebenza ngokuzikhandla ukukuphumelelisa lokho. Sikhuthaza wonke ama-SMME endawo ukuthi abhalise ku-www.hcrda.org/smme-directory ukuze kuthi lapho amathuba evela sikwazi "ukuxhumana".

# Abafundi baklonyelisiwe futhi baxhuma emsebenzini

I-HCRDA izama ukuthola izinsiza ukuze iTrust yabo ikwazi ukwenza umsebenzi oncomekayo wokusiza umphakathi uthuthuke.

Izikole eziyi-11 zabamba iqhaza ohlelweni Smart Stars lwe-HCRDA lapho kukhethwe khona abafundi ababili abenze kahle ezifundweni kanye nabafundi ababili abathuthuke kakhulu.

Okwamanje isabhekene isanikela ngosizo oluncane ezikoleni zomphakathi. Ama-programme amabili bakwazile ukwenza ngempumelelo enkulu. Womabili lama programme kwakungawokuhalalisa nokuklomelisa abafundi ngokuphumelela kahle futhi begqugquzelwa ukuthi abakwenzile bakwenze yonke iminyaka.

Kwamenywa izikole ezaphuma kwiTop 10 ngokuphasa kahle kuMatikuletsheni. Zakuthakasela ukuya eKearsney College kwiCareer Expo enkulu kunawo wonke kwisifundazwe saseNatali.

Izikole ezingu-8 zathumela iqembu labafundi kanye noThisha. Ukuya kwabo kwiExpo kwabavula amehlo nengqondo ngokufunda ukuthi kanti ziningi kangaka izinto abangazifunda zibe imisebenzi yabo lokho bakufundiswa ababukisi abawu-60 ababezile bezofundisa ngamaCareers.

Kuyasijabulisa ukuthi leso sifiso sethu safezeka ngempumelelo enkulu.




Abanye babafundi bendawo abawu-80 nothisha abachithe intambama e-Kearsney College Career Expo.

# Ulwa nobugebengu eHammarsdale

KUYATHOKOZISA kakhulu ukuthi sibe nomuntu onogqozi nentshisekelo enkulu kangaka ukwenza indawo yaseHammarsdale ibengephephile. UKapteni uZulu uqale indlela yakhe yobuphoyisa ngonyaka ka-2006 enguMseshi. Ube kuleso sigaba iminyaka eyisthupha (6 years) ngaphambi kokuba umqeqeshi wokuqeqesha ube esekhushulelwa esikhundleni sokuba yiForensic Analyst esebenza ezindaweni lapho kwenzeke khona icala elidinga ukuhlaziywa kwe-forensic.

Njengomphathi westeshi samaphoyisa ubhekene nokulungisa, aqondise konke nokusebenza kozakwabo. Konke kwenzeka ngendlela efanele wakhe ubudlelwane obuhle bokusebenza phakathi kwabo bengamaphoyisa kanye nezinkampani ezizimele zamaSecurity. Lokho kuzoqinisa umsebenzi wezokuphepha eHammarsdale. Kulonyaka ozayo uKapteni uZulu ulindele ukwamukela izimemba ezintsha ezizojoyina umbutho wamaphoyisa esteshini, ukuze kubelula ukusebenza nokusheshe kufinyeleleke lapho kunomonakalo khona, nokwandisa SAPS ibonakale njalo yonkindawo.

Ufisa nokugqugquzela ukuthi amabhizinisi kanye nomphakathi uzibandakanye ekusizeni ukulwa nobugebengu. Kuzoba nohlelo lweCommunity In Blue elizofana neC.P.F okuyiCommunity Police Forum khona emphakathini.




# Isu lika-2023 lweHCRDA

UMBONO weHCRDA "Ukuthuthukisa Hammarsdale Cato Ridge bayibeke endaweni enhle kwezentuthuko lapho okungatshalwa khona imali, kube namathuba emisebenzi nezinguquko ezinhle ezimpilweni zabantu".

Ukuphumelelisa lombono kunezinjongo ekumele zihleleke bese sisebenzisa izinhlelo ezikhonjisiwe la ngezansi.

Siyazi indawo yethu ibhekene nezinkinga eziningi kakhulu njengokuntuleka komsebenzi. Iqhinga lethu ngeke likwazi ukuzilungisa ngokushesha inkinga kepha siqinisekile ukuthi uma sisebenza ngokubambisana singawenza umehluko omkhulu osenza siphumelele.

Uma ninayo imibono nezinto ezithile ezinohlonze ezingenziwa ukulekelelana ngemibono neHCRDA, siyacela nisazise ngokusebenzisa email ethi info@hcrda.org